



# INGEDE

September 2021  
Volume 24  
Number 3



## ASIBAMBISANENI:-

Ubudlelwano obuphakathi kwabeluleki nabalimi bufuna kube nokuxhumana njalo njalo ukuze kubenoshintsho nokulima kuphumelele **(ikhasi 9-10)**.

## OKUQUKETHWE



**UKULALA KOMOBA UKULALA KWEPHAKETHE:-** Ucwangingo olunzulu ngokulala komoba seluveze ulwazi olungalekelela ososayensi, abalimi, kanye nabanye ababandakanyeka kwiMboni kaShukela **(ikhasi 4)**.



**IZIVUTHWISI NOBUSHUKELA:-** Omunye wabalimi abalima ngokuncane uMnu. Omar unqume ukulandela izeluleko nezincomo ngokufutha izivuthwisi kusetshenziswa i-drone **(ikhasi 7)**.

## IZINGUQUKO :-

Ukugqagqazela ukudluliselwa kolwazi kubalimi bomoba, siyakuthokozela ukwethula umeluleki omusha endaweni yaseMpumalanga **(ikhasi 11)**.



# Umyalezo wabalimi: uMnotho usemasimini

✍️ **Ibhalwe: nguThulani Masondo** (Umphathi wabeluleki bama-SSG kanye nama-LRG)

Siyazi sonke njengabalimi ukuthi kusukela ngonyaka ophelile kuze kube manje sisabhekene nenkinga ye-COVID-19, lokhu kuyasiphazamisa kakhulu emsebenzini wethu njengabalimi. Nakuba kunaleninga lokho akusho ukuthi sihlale singenzi lutho kumele umsebenzi uqhubeke. Ngicela siqhubeke nalokhu okulandelayo: ukufaka izimfonyo, ukugeza izandla, ukusebenzisa isihlanzimagciwane (sanitizer), ukushiya ibanga elifanele/elidingekayo phakathi kwakho nomunye umuntu. Siphume ekhaya uma kunesidingo esisemqoka kuphela. Nakuba uhulumeni ekugcizelela ukuthi akusiyo impoqo ukugoma kodwa ngiyacela ukuthi uma ungakwazi ukugoma hamba uyogoma. Ukuhambisana nemigomo eselulekwa ngayo uhulumeni yikho okuzosisiza ekunciphiseni ukubhebhetheka kwaleligciwane.



## Uma sesingena kwezolimo ngicela sikhumbuzane lokhu:

- Izifundo zabalimi esiyaye sibe nazo minyaka yonke ngoNcwaba (August) sizihlehlisele kuMandulo (September) kuya kuMfumfu (October) kodwa isifiso wukuthi sibe sesiqedile ukuzenza ngoMandulo.
- Sizokhumbula ukuthi kwiNgede eyedlule yangoMasingana (January) kunyaka wezi-2021, sanazisa ukuthi kunombono weMboni kaShukela obekelwe unyaka wezi-2023 okumele ufezwe. Inhloso yaloluhelelo wukusiza abalimi ngokuthi batshale ngembewu egunyaziwe yiThimba leZifo neziNambuzane zoMoba esilibiza ngokuthi yi-Local Pest Disease and Variety Control Committee (LPD&VCC). Thina okwethu njengabeluleki ukuqinisekisa ukuthi silekelela abalimi nanokuthi lokhu kungenzeka ngokulandela ziphi izindlela ngoba izinqumo zithathwa yi-SASA Council ehlanganisa izinhlobo zabalimi, abomshini kanye nezinhlangano zenu zabalimi (SAFDA no SACGA).



- Insimu uma ufuna ukuyitshala imbewu ozoyithengisela abanye abalimi njengembewu, kumele ihlale isikhathi esingangonyaka ingenawo umoba noma okungenani izinyanga eziyisishiyagalolunye (9). Thina sincoma kakhulu unyaka owodwa ukuze insimu ingeke ibe nomoba omdala okungenzeka ube nezifo noma ozosuke uxubane nohlobo olusha lomoba ozobe uzolutshala. Insimu siyitshala kabusha ngenxa yalezizizathu: insimu ayisakuniki isivuno okumele ngabe uyasithola, insimu yakho isinezifo noma kunohlobo olusha lwembewu olunoshukela omningi nesivuno kunaloluhlobo olutshalile.



- Insimu ozotshala kuyo imbewu kumele iphunyezwe ngokuthi kutshale imifino. Ngosizo noma ngezaluleko, ungaxhumana nomeluleki wakho osuka eMnyangweni wezoLimo nokuThuthukiswa kwezindawo zaseMakhaya noma esiKhugweni sezoCwaningo ngoMoba.
- Ukuthola imbewu kuthatha iminyaka emibili, owokuqala ufaka isicelo sembewu khona uzokutshalelwa bese onyakeni wesibili uthole imbewu yakho uyitshale.
- Abeluleki bakho kumele bayibone indawo noma insimu ozotshala kuyo ukuze bakwazi ukuncoma uhlobo lomoba ongalutshala.
- Unyaka nonyaka thatha umhlabathi uwuthumele kwa-SASRI bakuhlalele ukuthi insimu yakho idinga hloboluni lukamanyolo kanye nenani okumele ulifake.
- Uma uwufakile umanyolo kodwa umphumela ungemuhle kahle, thumela amaqabunga omoba kwa-SASRI bakubhekele ukuthi umoba wakho uyawuthola yini umanyolo owufakile. Umeluleki wakho uzokulekelela ngokukwazisa ukuthi endaweni yakho amaqabunga athathwa nini.
- Faka isibulala khula kanye nomanyolo kuwo wonke amasimu akho owahlahlile ngesikhathi esifanele.
- Wonke umoba oqhakazile kumele ube usungenile emshinini ngokuphela kukaMandulo.
- Uma uzotshala kabusha kulonyaka kumele ube usuzilungise zonke izinto ozozidingela ukutshala.
- Uma unisela, ungakhohlwa ukuqinisekisa ukuthi amanzi uyawathumela ayohlolwa ukuthi asakulungele yini ukunisela, qinisekisa ukuthi inkasa yakho iseqophelweni (ayivuzi, izinyoni zishaya kahle nanokuthi ikhipha amanzi ngendlela eyenzelwe yona), inzuzo ngenkasa yakho isekuyiqinisekiseni ukuthi isebenza kahle nanokuthi ikhipha umthamo wamanzi asuke edingeka.



Khumbula ukuthi sisebenza nina, umsebenzi wethu ukunisiza ngazo zonke izinkinga enibhekana nazo ekukhiqizweni komoba. Bambelela kumeluleki wakho ngaso sonke isikhathi ngokusebenzisana ndawonye kuningi eningakufeze niphumelele ekulimeni.



# Asitshaleni kusanesikhathi

 **Ibhalwe: nguNqobile Nxumalo** (um'xhumanisi kwezomoba)

Siyazi isimo asisihle njengamanje, kuzobanzima ukuthi abalimi bazihlelele kahle kodwa abangapheli amandla nalesimo sizodlula. Kanti futhi nabeluleki basakhona ezincingweni umlimi esengabathinta, mhlambe ngokubonisana ezinye zezinto bangazisombulula ngokubambisana. Njengoba sesizophuma ebusika siyazi abalimi sebelungiselela ukutshala kanti abanye kungenzeka besebeqalile ukutshala. Abalimi kumele bahlele ukuze konke kwenziwe ngesikhathi esifanele nangendlela yakhona esemthethweni. Ngakho-ke sizokhumbuzisana nje ngezinto ezim'balwa okuyizo okumele zilandelwe uma kutshalwa umoba ukuze konke kwenzeke ngendlela eyiyo ekugcineni sizuze. Abalimi abaqaphele loku okubalulwe ngenzansi ngoba ikusasa lamabhizinisi abo omoba lincike kuko.

## IZINSIZA KUSEBENZA

Ngaphambi kokuthi kuqalwe uhlelo lokutshala umlimi kumele aqikelele ukuthi unabasebenzi abenele ukwenza lomsebenzi kanjalo namathuluzi okubalwa kuwo ugandaganda, amageja, ocelemba, izigubhu zokufutha, imithi enjengezi bulala-khula noshibhoshi, izambatho zokuvikela abasebenzi uma benza umsebenzi kanye nokunye okufunekayo uma kutshalwa umoba.

## IMBEWU

Ubuhle bembewu bumqoka kakhulu, umlimi kumele aqikelele ukuthi imbewu azoyitshala iqotho ukuze imunike amahlumela amaningi. Imbewu kumele kube engahlaselwe izifo, engekondala ngezinyanga kube futhi ukuthi isandakuhlalwa yathunyelwa kumlimi ukuze ayitshale ngokushesha. Ukuze umlimi aqinisekise ukuthi uthenga imbewu eyiyo angacela kum'dayisi wembewu isitifiketi esiqinisekisa ubuqotho bayo esiphuma kwikomidi labezifo neziNambuzane nokuKhiqizwa kwezinhlobo zomoba.

## UKUVULEKA NOKUJULA KOLAYINI

Umlimi kumele azi ukuthi olayini bakhe bazohlukana kangakanani. Lokhu kuncike kakhulu kuhlobo lwenhlabathi kanye nendawo lapho kukhona ipulazi lomlimi. Ezindaweni lapho kunganiselwa khona kuvamise ukusetshenziswa ukuhlukana okuphakathi kwe-1m kuya ku-1.2m. Ezindaweni lapho kuniselwa khona kuyafika ngisho ku-1.6m. Ukujula kwemisele kube okungenani u-10cm.

## INDLELA YOKUTSHALA

Faka umanyolo kolayini okuzotshalwa kubo. Uma unembewu engamathani ayisithupha faka ugongolo olulodwa, uma kungamathani ayisishiyagalombili faka ugongolo olulodwa nohrafu kodwa uma kungamathani ayishumi faka izingongolo ezimbili. Uma usunqamula izingongolo ezitshaliwe ngobhushu qikelele ukuthi ushiya amalunga amathathu kuyakwamane kucwezu bese ucwilisa ubhushu emanzini angamalitha amahlanu anoshibhoshi ongama-500ml ukugwema ukubhebhethaka kwesifo uMbasha. Uma sekugqitshwa ebusika akujulile (50mm) kanti ehlobo kujulile (100mm), kumele abatshalayo baqikelele ukuthi umoba ucindezelve kahle umhlabathi emva kokugqiba. Akufuthwe izibulala-khula ezinqanda ukhula lungakaveli emva kokutshala bese kuthi emva kwamasono ayishumi nambili (12) akufakwe umanyolo ngaphezulu.

Ukuze abalimi bathole ulwazi oluthe xaxa mayelana nokutshala ikakhulukazi uma bezobe betshala okokuqala abathinte abeluleki babo bezomoba endaweni bacele izeluleko kanye namabhuku afana naleli elinezithombe eziwumhlahlandlela ekulimeni umoba.

# Umthelela womoba olele kwinzuzo yomlimi

✍ **Ibhalwe: ngu- Dr Peter Tweddle** (unjiniyela wezolimo)

Ukulala komoba emasimini ngaphambi kokuthi uvunwe kunemithelela eminingi emibi emkhizweni womoba kanye nakumthamo wobushukela esivunweni. Akugcini lapho kodwa kubuye kuthikameze ukuhlahla, ukuthutha kanye nezinye izinto ezenziwa emasimini ezifana nokuvuthiswa komoba noma ukususa amapayipi okuchelela kulawomasimu anomoba olele. Isikhungo sezoCwaningo ngoMoba yingakho sanquma ukuba sikholele kanzulu ukuthi ukulala komoba kahle kahle kunamuphi umthelela. Kubhekwa izindleko ezengeziwe zokuhlahla, ukuthwala nokuthuthwa ngenxa yokulala komoba kanye nokuncipha kwenzuzo ngenxa yokuncipha komthamo wobushukela esivunweni.



Izinto ezihamba phambili eziyimbangela yokuthi umoba ulale ubukhulu/ubuningi bomoba kanye nezimo zezulu ezingezinhle, kodwa izici zohlobo lomoba, ukuphathwa kwesitshalo kanye nobudala bawo kungaba nomthelela kubungako kanye nasezingeni lokulala komoba. Umthelela osobala wokulala komoba kwenzuzo etholwa umlimi uxhumeke kulibofuzo lwezinguqo ezilele kanye nokuthi kuthikamezeke kangakanani ukuhlahla, ukuthwala kanye nokuthuthwa komoba. Isikhathi esisele umoba ulele uze uhlahlwe sinomthelela ekulahlekeni kwesivuno, ekulimaleni kwezinguqo nasekufeni kwesinde, ukungavuthwa ngenxa yokulahlekelwa ithuba kanye nasekulahlekelweni

ubushukela. Ukungakwazi ukushisa kahle kanye nokuhlahla ngendlela emobeni olele kuyathinteka ekuncipheni kwezinguqo lobuhle bomoba ngoba kunganyusa amakhafilithi ngokunyusa amathophisi, itashi kanye nomhlabathi uma uqhathanisa nomoba ohlahlwe ungalele. Noma isikhathi esisele umoba ulele uze uyogaywa sinomthelela ekulahlekeni kwesivuno nobushukela, nezinye izinto ezifana nokukhahlamazeka kwezinguqo, ukukwazi ukuvuthwa kanye nezingqinamba zokuhlahla nazo imvamisa zihlobene kubukhulu nobunzima bokulala komoba.

Lolucwaningo olwenziwe luveze ulwazi oluzosiza kakhulu ekukhetheni izinhlobo zomoba emapulazini, ekwenzeni izinqumo eziphathelene nokuhlahla kanti futhi ngoba ukulala komoba kuza nezinye izindleko eziphezulu, lolulwazi lungabuye lusetshenziswe abacwaningi bokukhizwa nokukhethwa kwembewu ekwenzeni izinqumo zokuhlunga izinhlobo zomoba ngokwezifundamshini. Ulwazi olutholwe kulolucwaningo lungahle futhi luholele ekugququzelekeni kanye nasekusetshenzisweni kwezindlela eziyizo zokuphathwa kwesitshalo noma izindlela eziguqakayo ukuze kuncishiswe ubungozi nezinga lokuthi umoba ulale. Enye inzuzo etholakala ngokuthi kwaziwe ubungako bokulahlekelwa uma umoba ulele, ulwazi olungasiza izingxenye ezahlukahlukene ezibandakanyeka ekulinyweni kuze kufike ekugayweni komoba (kusuka kubacwaningi kuya kumeluleki, umlimi, usonkontileka kuze kube abasesigayweni).



# Ukunqanda uMdondoshiya woBabe (*Giant Panicum maximum*)

 **Ibhalwe: ngu- Anushka Gokul** (usosayensi ngemithi yezolimo)

Emasimini omoba oGwini oluseNingizimu (South Coast) eminyakeni eyedlule kuhlasele utshani obukhula budlondlobale emabhandeni amasimu kanye namaphakathi kwamasimu imbala. Lobutshani buncintisana nomoba ngamanzi, ilanga nangemisoco kuze kwehle isivuno kanye nobuhle bomoba. Lolu khula luqale lukhule maphakathi kolayini bomoba futhi lukhula lube lude njengawo umoba.

Lolu khula luhlonzwe kwatholakala ukuthi luwu**Mdondoshiya** woBabe, okungukhula oluphila iminyaka eminingi, lusashoba lube nezimpande ezimfishane ezinabela phansi kuhlume ezinye izithombo njengamadumbe. Isiqu salobutshani obuqinile singakhula size sifinyelele kubude obungu-3.5m, ububanzi bungaba-5mm kuya ku-10mm. Uma isiqu sigoba amalunga ethinta phansi emhlabathini, izimpande nezithombo ezintsha ziyahluma.

Lobutshani bungena ngaphansi kolibofuzo olufanayo noBabe **olujwayelekile**, kodwa buthe ukuhluka uma ubuka indlela obukhula nobubukeka ngayo. Buhluka ngobukhulu nokuqina kwezingoqo kanye nanobude u**Mdondoshiya** woBabe okwazi ukukhula ufinyelele kuko. UMdondoshiya woBabe ubaluhlaza kuze kucishe kuphele ubusika bese ukhiqiza intshakaza kusukela ngoMandulo (September) kuze kube uNdasa (March), ukhiqiza izinhlamvu ezinkulu ezinom'bala oluhlaza kuya kubunsomi futhi lezinhlamvu zisabalaliswa kakhulu umoya, izinyoni, kanye nemishini yasepulazini.

## Izindlela zokuluphatha ukuze ulunqande lolukhula:

Indlela ehlanganisile esebenzayo nekwazi ukuqhubeka yokuphatha ukhula iyona okumele yenziwe (IWM), lendlela ihlanganisa izibulala-khula kanye nokuba nepulazi elihlanzekile ukuze kuncishiswe ukubhebhetheka kwembewu yokhula.

### 1. Nciphisa ukulondolozeka kwembewu emhlabathini

- Ukuphatha/ukugwema lolukhula kunzima. Kunconywa ukuthi kususwe uMdondoshiya woBabe usemncane unga-kaqhumisi imbewu, ukuze uvikele ukwanda kwalolukhula.
- Izitshalo esezikhule kakhulu kumele zimbiwe/gujwe, kona umsebenzi onzima futhi othatha isikhathi eside kodwa ngenye yezindlela zokulunqanda.

### 2. Akwehliswe imbewu egqunywe umhlabathi

Umjikelezo wokukhiqizwa kwembewu wukhula ungathikanyezwa ngokulalisa amasimu ahlaseleke kakhulu uMdondoshiya woBabe.



UMdondoshiya woBabe ukhula emasini omoba futhi mude njengawo umoba.



### 3. Gcina amasimu ehlanzekile

- Imishini, amathuluzi kanye nezimoto zasepulazini kumele zihlanzwe ngaphambi kokuba kusetshenziswe kwenye insimu ukuze kugwenywe ukubhebhethaka kwembewu yokhula kwenye insimu kuye kwenye.

### 4. Futha izibulala-khula

- Azikho izibulala-khula ezikhiqizelwe ukubulala uMdondoshiya woBabe ngqo, kodwa izibulala-khula ezikhulu olulan-delayo zisetshenziswa ukulawula uBabe esilujwayele.

Uhla lwemithi engasetshenziswa ukubulala uBabe			
1	acetochlor	19	diuron + hexazinone
2	acetochlor + ametryn	20	diuron + metribuzin
3	acetochlor + benoxacor	21	diuron + sulcotrione
4	acetochlor + dichlormid	22	glufosinate-ammonium
5	alachlor	23	glyphosate
6	ametryn	24	haloxyfop-R-methyl ester
7	ametryn + triazines	25	imazapyr
8	amicarbazono	26	indaziflam + isoxaflutole
9	atrazine + s-metolachlor	27	isoxaflutole
10	atrazine + sulcotrione + triazines	28	mesotrione
11	benoxacor + metolachlor	29	mesotrione + s-metolachlor + terbuthylazine
12	chlorimuron-ethyl	30	metazachlor
13	chlorimuron-ethyl + metribuzin	31	metribuzin
14	chlorimuron-ethyl + metribuzin + pendimethalin	32	MSMA
15	clomazone	33	pendimethalin
16	clomazone + hexazinone	34	s-metolachlor
17	dimethenamid-P + saflufenacil	35	sulfentrazone
18	diuron	36	tebuthiuron


- Sebenzisa ingxube yezibulala-khula ezincony-iwe ngasonke isikhathi futhi ulandele izincomo ezibhalwe kwilebuli.
- Izibulala-khula fuze zifuthwe ngesikhathi.
- Izibulala-khula ezisebenza ngezindlela ezinga-fani fuze zisetshenziswe ngokushintshana ukuze kuncishiswe amathuba okuthi ukhula lungezweli kwisibulala-khula.



Izinhlamvu ezinkulu ezikhiqizwe uMdondoshiya woBabe. Lezinhlamvu zisabalaliswa umoya, izinyoni kanye nemishini yasemapulazini.



# Ukufutha izivuthwisi kulethe ushintsho

 **Ibhalwe: nguMaphilisi Zulu (umeluleki wabalimu) kanye no-Patrick Ngcobo (isazi sezolimo e-Glehow)**

Abeluleki behlanganyele nosocwepheshe besiKhungo sezoCwanningo ngoMoba bahlela usuku lwabalimi la kwakucobelelwana khona ulwazi ngokuvuthiswa komoba emasimini abalimi abalima ngokuncane (Small-Scale), abazithengele umhlaba nalabo abathole umhlaba ngaphansi kohlelo lokubuyiselwa kwemihlaba (Land Reform). Lolusuku olwenzeka mhlaka-27 ngoMasingana 2021 lwalwenzelwe abalimi abahambisa umoba wabo esigayweni sase-Gledhow. Inhloso yosuku kwakungukulungiselela kuphindwe kufundiswe abalimi ngokufuthwa kwezivuthwisi emobeni wabo abebhelele ukuwuhlahla uma kuvulwa isigayo. Izivuthwisi zifuthwa ukuze kumiswe ukukhula komoba ukuze ugcine bonke ubushukela obusogoqweni ngaleyondlela umlimi athumele umoba onobushukela obunconywana esigayweni.



Omunye wabalimi ababekhona ngalosuku uMnumzane u-Omar Shariff Alli, ongumlimi endaweni yaseNhlanguwini esigodini sase-Glendale. Lo Mnumzane waqala ukulima esem'ncane kakhulu kodwa ngokuhamba kwesikhathi wagxila kakhulu kwibhizinisi lezokuthutha iminyaka eminingi. Usanda kubuya eminyakeni emibili eyendlule emkhakheni wokulima umoba. Unepulazi elingamahheka angama-49.5, lapho eqashe khona abasebenzi ngokuphelele abayishumi (10), ubuye ongeze ngabangamashumi amane (40) ngezikhathi ezinomsebenzi omuningi njengokutshala, ukuhlahla njalo njalo.



Ukubakhona kwakhe ngosuku lwabalimi okwakucotshelwano ngalo ulwazi ngezivuthwisi kwamusiza ngoba wakwazi ukulalela azizwele indlela izivuthwisi ezisebenza ngayo nezingathuthukisa ngayo ubushukela ogoqweni, wanquma ukuzifutha emasimini akhe. Wabona kuyisinqumo esihle kakhulu ikakhulukazi ngoba wayesebone nokuthi kunobuchwepheshe obusha bokusebenzisa ibhanoyi elincane elingagitshelwa elibizwa nge-Drone. Uhlelo lwakhe lokufutha izivuthwisi langonyaka wezi-2021 lalufaka umoba owawutshalwe maphakathi kukaMandulo (September) kanye noZibandlela (December) onyakeni wezi-2019. Lomoba wawudluliselwe kwinkathi yokuhlahla yango-2021/2022. Lokhu kusho ukuthi uma sekufika isikhathi sokuhlahla lomoba wawusuzobe unezinyanga eziphakathi kweshumi nanhlano (15) kuya kwishumi nesishiyagalombili (18). Izinhlobo zomoba ezazingi kwakungu-N59 kanye no-N55 bese kuba nencosana ka-N52.



ibhanoyi elincane elingagitshelwa elibizwa nge-Drone lifutha izivuthwisi enstimini





Ngaphambi kokuthi kufuthwe izivuthwisi, izilinganiso zokucoliseka kojusi kanye nobushukela bomoba zenziwa kusetshenziswa i-refractometer kanye ne- PurEst® app epulazini la Mnumzane u-Omar endaweni engamahheka angama-23.7, kwathathwa izingoqo ezintathu ngokungakhethi ezindaweni ezinhlanu ezahlukene, lokhu kwakwenzelwa ukuhlola ukuthi umoba usunobushukela obungakanani ukuze uvuthiswe uma kunesidingo. Imiphumela yokuhlola yaveza ukuthi, isilinganiso sokucoliseka kojusi kwakumaphakathi kuka-83.2 kuya ku-87.5% esobushukela simaphakathi kuka-10.2 kuya ku-12.1%, kwakunconywa ukuthi kungafuthwa nge-Moddus noma nge-Fusilade Forte nezinye eziyifuzile. Wathenga i-Fusilade Forte, ukufutha ngebhanoyi elincane elingagitshelwa i-drone kwabiza ama-R402 ihheka lilodwa, lezindleko zazingafaki umuthi owasetshenziswa.



Izibalo ezivela esigayweni sase-Gledhow ziveze ukuthi ubushukela bomoba kaMnumzane u-Omar owafuthwa ngezivuthwisi ngenkathi kuqala inkathi yokugaya bebungamaphesenti amaphakathi kuka-10.46 kuya ku-13.7. Ngoba umoba wahlahlwa isigayo sisanda kuvulwa wawungavuthiswa kahle, ukuthola lamaphesenti aphezulu kuyancomeka ngoba bengeke atholakale kube umoba wawungavuthwiswanga. Amarekhodi aphinde aveza ukuthi ubushukela emobeni wakhe bebhamba phambili amaviki amathathu elandelana. Lo Mnumzane uphinde waba kwiqulu labayishumi abathumele umoba onobushukela obuphezulu kusukela ngoMbaso (April) kuze kufike kuNhlangula (June) kulonyaka esikuwo u-2021. Lokhu kukuveza kube sobala ukuthi ukusebenzisa izivuthwisi kungabanomthelela omuhle kubushukela uma kwenziwe kulandelwa imigudu efanele ngisho nomangabe ungumlimi olima ngokuncane njengaye nje. uMnumzane u-Omar uhlela ukuvuthwisa umoba njalo uma izimo zivuma ngoba uselubonile ushintsho nenzuzo yakho.



# Ubudlelwano phakathi komeluleki nomlimi

Abalimi bonke banabasizi abasebenzisana nabo ukuze kugqugqazelwe ukudluliselana ngolwazi iMboni yeZolimo iphokophele phambili. Lobudlelwano bungobubalulekile ngoba abukhulisi nje umlimi kuphela kodwa nomeluleki ufunda okuningi kubalimi asebenzisana nabo. Sikhulumelane nabeluleki nabalimi bomoba sababuza ukuthi ngokwabo lobudlelwano bubandakanya ini.

## Umeluleki: Nksz. Sinenhlanhla Msweli

- **Cela uzichaze ngamafuphi ngomsebenzi wakho nokuthi ususebenze nabalimi basendaweni isikhathi esingakanani?**



“Ngingumeluleki wesiKhungo seZolimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yasemakhaya (DARD) eMthonjaneni. Ngiziqale ukusebenza nabalimi abalima ngokuncane (SSG), abazithengele amapulazi (NFG) kanye nababuyiselwe umhlaba (LRG) abangaphansi kwamasipala waseMthonjaneni eMelmoth. Ngiziqale ukusebenza nabo ngoNhlaba (April) kulonyaka (2021).”

- **Yikuphi okubalulekile ngalobudlelwano?**

“balimi kwizitshalo esengizisebenzile asikho engisibona kulula ukusisebenza njengomoba. Uma utshale uhlobo lomoba oluhambisana nomhlabathi olima kuwo nendawo okuyo wawunakekela ngendlela uvuna uphindelela. Yonke into fuze yenzeke ngesikhathi nakwizimo ezifanele, umoba ungakunakekela isikhathi eside engingathi iminyaka elishumi nangaphezulu mhlawumbe amashumi amabili uma uwuphethe kahle. Lapho engisebenzela ngakhona kunoMnumzane uCele onomoba oseyohlenganisa iminyaka engamashumi amabili ewunakekela ewuvuna, futhi isimo sawo sikhombisa ukuthi usazoqhubeka eminye iminyaka emphindelela ewuvuna uma eqhubeka ewunakekela ngendlela”.

- **Ungathini kumlimi ongamazi umeluleki wakhe?**

“kubalulekile ukuthi umlimi asondelane nomeluleki ukuze athuthuke ngokwezindlela zokutshala nokuphathwa kwebhizinisi”.

- **Ungathini kozakwenu ukubagqugqazela?**

“Singabeluleki asiqhubeka sisizeni abalimi ngoba kuyikusasa lesizwe ukulima”.

## Umlimi: UMnu. Sibonelo Duma

- **Cela uzichaze ngamafuphi ngebhizinisi lakho nokuthi ususebenze isikhathi esingakanani ulima nangomoba?**



“Ngingumlimi olima ngokuncane umoba endaweni yakwaSwayimane esigodini sase Maselekweni kwisigceme seshumi nambili (12). Indawo yami engilima kuyo ingamahheka ayishumi nane (14) esengilime khona umoba kusukela ngo-2014.”

- **Kubudlelwano bakho nomeluleki/nabeluleki bakho yikuphi okubaluleke kakhulu?**

“Ubudlelwano bami nabeluleki bami buhle kakhulu, okubalulekile ukuthi ngithole ulwazi njalo. Uma kukhona engingakutholi kahle ngithola ulwazi kubo nezululeko, njalo uma ngizotshala ngiziqale ngithinte bona ukuze bangihlolele umhlabathi bangiluleke ngembewu, umanyolo, ukalika, izibulala-khula kuze kufike isikhathi sokuhlala. Bahlezi beseduze nami bengicathulise ngokunakekelwa komoba wami.”

- **Yikuphi ongathi ukufundile kulobudlelwano?**

“Ngifunde ukuthi umoba utshalwa kanjani, uphathwe kanjani nokuthi uvunwa nini ngoba ngaphambi kokuthi ngazane nabo bengingazi lutho ngomoba lokhu bekwenziwa ukuthi bengiwumlimi wombila nobhontshisi phambilini.”

- **Ungathini kumlimi ongamazi umeluleki wakhe?**

“Ngingamtshela ukuthi obani abeluleki basendaweni yethu ngimunike nezinombolo zabo zocingo ukuze baxhumane.”

- **Ungathini kozakwenu ukubagqugqazela?**

“Ngingabatshela ukuthi uma utshale kancane noma indawo encane awutholi inzuzo etheni kodwa uma wongezile ukwazi nokondla umdeni wakho ngenzuzo oyitholayo, abangenayo indawo abangandisa kuyo bangacela ukuqasha indawo kwabanye abangayisebenzisi kube nesivumelwano ukuthi bazotshala isikhathi esingakanani.”

## Umeluleki: UMnu. Sifiso Hlela

- **Cela uzichaze ngamafuphi ngomsebenzi wakho nokuthi ususebenze nabalimi basendaweni isikhathi esingakanani?**



“Ngisebenzela isibhedlela somoba u-SASRI osebenza nabalimi abafakela isigayo sase-Felixton nesase Amatikulu. Abalimi engisebenzisana nabo abalima ngokuncane, abazithengele amapulazi nababuyiselwe umhlaba eNingizimu ne-Zululand okufaka omasipala iMandeni, uMlalazi (Showe), uMthonjaneni (Melmoth), uMhlathuze (Empangeni) noMfolozi (KwaMbonambi). Ngiqale ukweluleka ngezolimo oPhongolo ngonyaka we-2013 ngehlela e-Zululand South ngonyaka we-2015, sengisebenze nabalimi iminyaka eyisishiyagalombili (8).”

- **Yikuphi okubalulekile ngalobudlelwano?**

“Ukusebenzisana okuhle phakathi komlimi nabeluleki kubaluleke kakhulu ngoba izindlela zokwenza ziyashintsha shintsha. Isibhedlela somoba sicwaninga zikhathi zonke ukwenza ukulima umoba kube okulula nokuzozuzisa abalimi ngokusemazingeni aphezulu. Uma umlimi eziqhelelanisa nabeluleki angahle angazitholi lezincomo ezihlezi zenziwa isikhungo ekubasizeni ukuze bahlale bekhiqiza umoba osezingeni elicokeme”

- **Yikuphi ongathi ukufundile kulobudlelwano?**

“Uma ubudlelwano phakathi komlimi nabeluleki bubuhle nesitshalo naso siba sihle ibhizinisi liphulele.”

- **Ungathini kumlimi ongamazi umeluleki wakhe?**

“Kubalulekile ukuthi umlimi asondelane nomeluleki uma owakho ungamazi xhumana nehovisi lakho lezolimo eliseduze banayo yonke imininingwane ngabeluleki bendawo”

- **Ungathini kozakwenu ukubagqugquzela?**

“Ngizothanda ukugqugquzela ozakwethu esinabo ekulekeleleni abalimi ukuba silisebenzise ubizelo lwethu ekusizeni abalimi. Luningi ulwazi oluqakethwe isikhungo sezoCwanningo lwezoMoba, njengoba siyinqola zokuluhambisa kubalimi ukuze baphumelele ebhizinisini asibambaneni sikwenzeni lokhu ngokusemazingeni. Ngizocela nabaphathi ukuba basixhase ezifisweni zethu zokuphumelelisa umlimi ngoba izinsiza kusebenza uma zingekho kuyaye kubenzima ukuqhuba ubizelo esiluthwele.”

## Umlimi: UNkk. Mthembu

- **Cela uzichaze ngamafuphi ngebhizinisi lakho nokuthi ususebenze isikhathi esingakanani ulima nangomoba?**



“Ngingumlimi olima ngokuncane umoba endaweni yakwaMagwaza eMthonjaneni ngaphansi kwedolobha lase-Melmoth. Ngifakela umoba emshinini wase Amatikulu, ngiphinde ngilime endaweni yaseMacambini eGingindlovu. La kwaMagwaza nginamasimu angamahheka ayishumi nanhlanu (15) kanti eMacimbini ayishumi (10). Ngiqale ukulima umoba ngonyaka, we-1998 osekuyiminyaka engamamashumi amabili nantathu (23) ngilima umoba”.

- **Kubudlelwano bakho nomeluleki/nabeluleki bakho yini okubaluleke kakhulu?**

“Ngithola ulwazi olungisiza ukuthi ngiqhubekele phambili ngebhizinisi lami”.

- **Yikuphi okubalulekile ngalobudlelwano?**

“Okungisiza kakhulu bengilima ngendlela yakudala kodwa abeluleki bangisize kakhulu ekuthuthukiseni indlela engilima ngayo umoba. Ngizitholile izinhlobo ezintsha zomoba engikhuluma nje ngino-N61 engiwuthole ngo-2019 nezinye izinhlobo ezikhombise ukwenza kahle kunalezi ebesinazo ngazithola. Ukhula angisaluhlakuli ngegeja kepha sengisebenzisa izibulala-khula. Kubalula ukufutha ngoba usebenzisa abantu abancane futhi imithi ilucindezela isikhathi eside ukhula. Lokhu ngikuthole ngokusondelana nabeluleki ngencele ulwazi kubo. Indlela yokuphathwa kwebhizinisi eyiyo ibalulekile abeluleki banawo amava okuqhuba ibhizinisi lomoba ngendlela okuyiyo ukuze kukhiqizwe isikhathi eside”.

- **Ungathini kumlimi ongamazi umeluleki wakhe?**

“Abalimi abasondele kubeluleki, mina kungisizile ngokuthola ulwazi ekwenzeni ibhizinisi lomoba lidlondlobale. Beza nezinhlaka ezahlukene engingabala aboMshini, abeZolimo, abeZiNhlango Zabalimi, abeZinhlobo zoMoba iZifo neziNambuzane nomeluleki waseSikhungweni sezoCwanningo ngoMoba. Kubaluleke kakhulu ukuba nobudlelwano nabo ngoba uzuza okuningi”.

- **Ungathini kozakwenu ukubagqugquzela?**

“Umoba uma uwunakekela kahle uyakondla ugcine usudala namathuba emisebenzi emphakathini. Nginomoba engaqala ngawo ngo-1998 osangikhiqizela kahle ngoba ngiwanakekela kahle. Kubalulekile futhi ukuzibambela, abasebenzi angibayekeli kepha ngisebenza nabo nsuku zonke lokho kwenza umsebenzi wenzeke ngendlela futhi ngokushesha”



# Ezithokozisayo kwithimba labeluleki baseMpumalanga

 **Ibhalwe: ngu-Mboniseni Buthelezi**

U-Mboniseni Buthelezi usebenza nabalimi base Mpumalanga (North Irrigated Region) ababuyiselwe imihlaba ngohlelo lwe-Land Reform kanye nabalimi abalima ngokuncane (Small Scale Growers/SSGs): kodwa ke ngokomsebenzi abalimi abhekene nabo nqo yilaba abalima ngokuncane nalaba abasuke bezithengele bona ngaphandle kosizo lukahulumeni. UMboniseni uphinde asebenze, ahole neThimba elibhekelela izifo neziNambuzane zomoba kanye nokuKhiqizwa kweMbewu oPongolo kodwa ke lomsebenzi uzobe esewushiya uma eseseMpumalanga (uzobe engaseyona ingxenye yawo kuzobe sekukhona omunye

ozobe esewenza). UMboniseni uneminyaka eyisishagalolunye esebenza eMbonini yomoba noma kaShukela waqala emapulazini ezinkampani ezifana no-Illovo (South Coast Harding) kanye no-UVS (Mtubatuba), emva kwalapho wabe esejoyina isiKhungo sezoCwawano ngoMoba (SASRI) ezikhundleni ezahlukahlukene. UMboniseni uneziqu ze-B-Tech Degree kwi-Crop Production azithola e-Tshwane University of Technology. Uma abalimi befisa ukuxhumana naye mayelana nezidingo zomoba bangamuthola ku-079 458 1428 noma ku [Mboniseni.Buthelezi@sugar.org.za](mailto:Mboniseni.Buthelezi@sugar.org.za).



Abalimi bangakhohlwa ukuxhumana nabeluleki babo naku-WhatsApp ukuze bazitholele ama "video" amafishane akhuluma ngokulima kanye nephephabhuku labalimi iNgede. iNgede ibuye itholakale iyiziqeshana zamazwi aqoshiwe athumeleka ngomakhala ekhukhwini. Onke amaphephabhuku aphilane nokuliywa komoba ayatholakala kubo bonke abeluleki bomoba, kumxhumanisi (071 850 7292) nasemakhasini ethu okungu-SASRI YouTube channel kanye nomtapo wolwazi wesikhungo ku-[www.sasri.org.za](http://www.sasri.org.za)



## ABADIDIYILI

Sifiso Hlela, Thulani Masondo, Bulela Phoswa, Khanyisile Buthelezi, Nqobile Nxumalo & Wayne Mthembu (Umhleli)  
Ikhishwa kathathu ngonyaka; January, May nango-September  
Imibono nemibuzo: Nqobile Nxumalo: 031 508 7511 Email: [Nqobile.Nxumalo@sugar.org.za](mailto:Nqobile.Nxumalo@sugar.org.za)

Amalungelo okuqopha aqakethwe kulo mbhalo. Ayikho ingxenye yalo msebenzi engaphinda yenziwe nanganoma iyiphi indlela ngaphandle kwemvume ebhaliwe yomshicileli. Yize yenziwe yonke imizamo yokuqinisekisa ubuqotho bolwazi olushicilelwe kulo msebenzi, isiKhungo sezoCwawano ngoMoba saseNingizimu Afrika (SASRI) asizukuthathelwa zinyathelo ngokulahleka noma ukulimala okungehlakalela umuntu ngenxa yokulandela ulwazi oluqakethwe lapha. Ukusetshenziswa kwamagama nezikhangisi ezinobunikazi kulomshicilelo akungathathwa njengokuqinisekisa/gaqaqazela ukuthi zisetshenziswe.

